



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Hlela Umndeni nge-Implanon

“Indlela ephephile yokuhlela umndeni”



I-Implanon iyindlela enhle yokuhlela umndeni, esebenza kahle futhi engenahlupho. Okuhle ngayo ukuthi uma usuyikhiphile emva kweminyaka emithathu, uyakwazi futhi ukuthola abantwana.

- * I-Implanon incane nje, ithi ayibe ngangothi lukamentshisi. Yinde ngama-centimetre amane, kanti ibanzi ngama-milimetre amabili.
- * I-Implanon isebenza iminyaka emithathu isemzimbeni.
- * I-Implanon ifakwa esikhumbeni ngaphansi kwengalo yowesifazane. Lokhu kwenziwa wumhlengikazi oqeqeshiwe.
- * I-Implanon ingenye yezindlela ezithembeke kakhulu zokuhlela umndeni ezitholakalayo njengamanje.
- * I-Implanon ayinamthelela omubi ocansini. Kodwa kubalulekile ukuthi isetshenziswe ngokuhlanganyela namakhondomu ngoba ayivikeli ekubhebhethakeni kwesandulela ngculazi (HIV) kanye nasezifweni zocansi (STIs).




health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Hlela Umndeni nge-Implanon

“Indlela ephephile yokuhlela umndeni”



- * Yenza impilo ibe lula, iphephile, futhi inciphisa amathuba okukhulelwa ngo 99%.
- * Igwema ukungakhulelwa kuze kuphele iminyaka emithathu.
- * Uma owesifazane eseyikhiphile i-Implanon angakhulelwa ngokushesha.
- * Itholakala kuzo zonke izibhedlela nasemitholampilo kahulumeni kwaZulu-Natali.
- * Bonke abesifazane abasesimweni sokukwazi ukukhulelwa, okubalwa kubo nalabo abane-HIV, bangayisebenzisa i-Implanon.

Kubalulekile ukuqhubeka nokusebenzisa amakhondomu ngesikhathi sokusetshenziswa

kwe-**IMPLANON**